

UKWETHULWA KWEZETHULO EZETHULWA NGOMLOMO

Ukwethula isethulo ngomlomo kukunika elinye ithuba lokugcizelela lokho okushilo esethulweni osibhalile kanye nokuvumela ikomidi ukuthi licacise amaphuzu owabeke esethulweni. Uma ikomidi linqume ukuzwa isethulo sakho, uNobhala weKomidi uzokuthinta bese enza amalungiselelo okuzwa isethulo sakho esethulwa ngomlomo.

Izethulo zomlomo zingethulwa futhi eziMbizweni zoMphakathi ezibanjwa amaKomidi.

- Lezi zethulo ziqoshwa phansi ngoshini bese ziyabhalwa.
- Ikomidi/amakomidi aqondene nalokhu abe esebheka ubufakazi noma imibono okwabelwane ngayo Embizweni bese edingida okuqukethwe izethulo.
- Uma uvo luxhaswa abantu abaningi futhi lufanelekile, lowo mcabango noma leyo ndaba isethubeni lokuthi ifakwe emsebenzini walelo Komidi/ walawo maKomidi afanele.
- Ikomidi/amaKomidi azothatha isinqumo sokugcina mayelana nokufaneleka kodaba.

IMIHLAHLANDLELA YOKWENZA IZETHULO EZETHULWA NGOMLOMO

Indlela yokwethula izethulo zomlomo iyehluka phakathi kwamakomidi futhi incike ohlotsheni lodaba okukhulunywa ngalo.

Landela imihlahlandlela efanayo neyezethulo ezibhalwe phansi.

Ukulungiselela ukwenza isethulo sakho esethulwa ngomlomo – Njengoba imihlangano yakakomidi ngokujwayelekile ivuleleka emphakathini kanye nabezindaba, ungafisa ukwethamela omunye wale mihlangano ngaphambili kokuthi wethule isethulo sakho esethulwa ngomlomo. Ngosuku lwesethulo sakho esethulwa ngomlomo, fika ngaphambili kwesikhathi. Kuyisu elihle ukuthi uhlele ozokwethula ukuze ukwazi ukwethula wonke amaphuzu afanelekile bese ushiya isikhathi esanele semibuzo.

Izinsiza zokubona – Amagumbi amakomidi ePhalamende afakwe izinsiza zokuzwa nokubona futhi isethulo sakho somlomo singazwakala kahle kakhulu uma siqiniswa izinsiza zokuzwa nokubona.

Ulimi – Ungethula isethulo sakho esethulwa ngomlomo nganoma iluphi ulimi olusemthethweni lwaseNingizimu Afrika. Yazisa iKomidi ngolimi olukhethile ngaphambi kwesikhathi ukuze iPhalamende lenze amalungiselelo okutolikelwa adingekayo.

Imibuzo – Zilungiselele imibuzo eqhamuka kumaLungu eKomidi. Kuwumqondo omuhle ukuthi ucabange ngemibuzo okungenzeka ibuzwe futhi uzilungiselele ukuyiphendula.

Isikhathi osinikeziwe – Ungaxoxisana ngesikhathi osinikeziwe noNobhala weKomidi ngaphambi kwesikhathi. Ikomidi lithatha isinqumo sokugcina ngesikhathi osinikezelwa ukwenza izethulo ezethulwa ngomlomo.

Bamba iqhaza ePhalamende. Yenza izwi lakho lizwakale.

Leli phamfulethe litholakala ngazo zonke izilimu ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika.



PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Produced by the Public Education Office • Parliamentary Communication Services • INSPIRED BY PEOPLE
www.parliament.gov.za • P.O. Box 15, Cape Town, 8000 • Telephone: (021) 403 3341 • Facsimile: (021) 403 3303



PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



Zulu

Izethulo Eziza Ephalamende

IZETHULO EZIZA EPHALAMENDE

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uvumela ukuhlinzekwa kokubandakanywa komphakathi ekwenziweni komthetho, ukwengamela kanye nezinye izinhlelo zePhalamende. Uhlelo lwentandoyeningi lweNingizimu Afrika aluhlinzeki kuphela ngokuthi izakhamizi zikhethe abazozimela kuphela, kodwa luphinde luvumele izakhamuzi ukuthi zibe nezwi ezintweni ezizithintayo.

Enye yezindlela umphakathi ongenza ngayo ukuthi amazwi awo azwakale ukuletha izethulo eMakomidi eSishayamthetho Sikazwelonke, eMakomidini oMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe noma eMakodini Adidiyelwe.

Ukuze izethulo eziphuma emphakathini ziphumelele, kumele kulandelwe ngokucophelela okuqukethwe kanye nendlela ezibhalwe ngayo.

Kubalulekile ukuthi isethulo sifundeke futhi siqondwe kalula ngamaLungu eKomidi.

SIYINI ISETHULO ESIZA EPHALAMENDE?

Isethulo esiza ePhalamende ukwethulwa kwemibono noma kwemicabango ngodaba oluthile noma ngengxenywe yomthetho osacutshungulwa yikomidi lePhalamende.

Isethulo zingethulwa ngolimi lwakho oluthandayo.

Isethulo zivamise ukubhalwa phansi. Zingaqiniswa ngokwethulwa ngomlomo ekomidini, uma umuntu noma iqembu elilethe isethulo limenywa ukuthi lisethule ngomlomo.

Ukuletha izethulo kudala ithuba kunoma iliphi ilungu lomndeni ukuhlongoza izinguquko noma ukuphakamisa okungase kwenziwe ukuze kuqinisekise ukuthi imithetho ephasise yiPhalamende noma nanoma iluphi udaba olucutshungulwa iPhalamende, luyayifeza inhloso yalo.

SIBHALWA KANJANI ISETHULO?

Njengoba ingekho indlela ebekiwe elandelwayo yokulethwa kwesethulo ekomidi, kumele sicutshangisise kahle futhi kube lula ukusifunda.

Lezi ziphakamiso ezilandelayo zingasiza ekwenzeni lokhu:

Isihloko – Nika isihloko sesethulo sakho igama lekomidi esiqondiswe kulo kanye nesihloko esiphelile soMthethosivivinywa noma sendaba.

Sivela kubani? – Beka ngokucacile ukuthi isethulo sivela kubani. Nikeza igama lakho noma lenhlangano oyimele.

Imininingwane Yokuthintana – Faka ikheli lokuxhumana kanye nenombolo yocingo oyisebenzisa emini. Uma, ngenxa yezizathu eziyimfihlo ungafisi ukuthi leyo miningwane yethulelwe umphakathi kanye nesethulo sakho, bhala leyo miningwane encwadini ehamba nesethulo sakho bese ungabe usayibhala esethulweni uqobo lwaso.

IZETHULO EZIZA EPHALAMENDE

Ingabe uyafisa ukuvela phambili kweKomidi? – Beka ngokucacile ukuthi uyalithanda yini ithuba lokukhuluma nekomidi mathupha. Uma umele inhlango futhi ufisa ukuthi nabanye bavele kanye nawe phambi kwekomidi, okungaba ukukuxhasa noma ukukhuluma, faka namagama abo kanye nendima yabo.

Inhlangano yakho – Uma ubhala umele inhlango, nikeza imininingwane kafushane ngezinhloso zenhlangano, ubulungu kanye nokwakheka kwayo. Qinisekisa ukuthi unegunya lokwenza lokhu bese ubhala isikhundla sakho ngaphakathi enhlanganweni.

Ubani omunye okuxhasayo? – Ungabhala ukuthi uxoxisane nabantu abangaphi ngesikhathi ubhala isethulo. Isethulo sakho singaba nesisindo uma sisekelwa abantu abaningi.

IMIHLAHLANDLELA YEZETHULO EZIBHALIWE

Uma ubhala isethulo esiya ekomidini, ngokujwayelekile uzobe ubeka umbono ngokuphatelene noMthethosivivinywa noma udaba olusematheni. Noma kunomehluko kwindlela isethulo soMthethosivivinywa esibhalwa ngayo, kunemigomo eyisisekelo esebenzayo.

Ukusetshenziswa kolimi – Sebenzisa ulimi oluhloniphekile. Isethulo esisebenzisa ulimi olunyundelayo noma olungenanhlonipho angeke semukeleke.

Ukubambisana nokukhulunywa ngako – Gxila kwiphuzu. Isethulo sakho kumele sihambisane nalokho okudingidwayo. Ikomidi linganquma ukushaya indiva isethulo esingahambisani nalokho okukhulunywa ngakho.

Ukucacisa – Hlela imisho kanye nezigatshana zakho ngokulandelana. Zama ukwethula inkulumbo ecacile futhi nebekwe ngokulandelana. Isethulo esijomba sisuke kolunye udaba siye kolunye bese sibuyela emuva futhi noma esixube ndawonye izinto ezingahlangani singaba yindida bese sinciphisa namandla aso.

Ukubeka ngamafuphi – Beka ngendlela elula neqondile. Ungabhali ngaphezu kwalokho okunesidingo. Isethulo eside ngokweqile singenza buthakathaka amaphuzu abalulekile ofisa ukukhuluma ngawo. Ikomidi lifuna ukwazi ukuthi ucabangani kanye nobufakazi noma amaphuzu onawo axhasa umbono wakho.

Ukubeka okuyiqiniso – Beka ngeqiniso nangokuphelele. Qoqa bese wenza ucwaningo ngayo yonke imininingwane ehambisanayo ngokuphelele. Yenza isiqiniseko sokuthi okubhalile nguyiqiniso. Isethulo esinamaphutha amaningi sizonciphisa kakhulu amandla aso.

Isiphetho – Qoqa ndawonye noma bhala uhla lwamaphuzu akho abalulekile esiphethweni ekupheleni kwesethulo noma endikimbeni yamaphuzu esekuqaleni.

Ukuthumela isethulo sakho – Isethulo sakho kumele sifike ekomidi ngosuku noma ngaphambi kosuku lokuvalwa kokulethwa kwezethulo, futhi kumele sithunyelwe kuNobhala weKomidi elifanele.